# Ukubaluleka kokunikela ngezitho zomzimba



DKT NHLAKANIPHO GUMEDE

KULE nyanga kaNcwaba (August) ngicela sithathe isikhathi, sibonisane ngodaba abantu abangajwayele nokho ukukhuluma ngalo.

Inhlangano i-Organ Donor Foundation yenze ucwaningo ngonyaka owedlule, oluveze ukuthi lapha eNingizimu Afrika balinganiselwa ku-71% abantu abathi bona ngeke bavume ukuba izitho zabo zomzimba zinikezelwe kwabanye abantu abazidingayo uma sebeshonile, noma kungasekho okungenziwa ukusiza eyabo impilo.

Okumangalisa kakhulu wukuthi kulo lolu cwaningo kutholakale ukuthi bawu 78% abantu abathi kodwa bona bangazemukela izitho zabanye abantu uma benikelelwa ngazo.

Balinganiselwe ngaphansi kwephesenti elilodwa (0,2%) abantu ababhaliswe ohlwini lwabantu abanikele ngezitho zomzimba. Lokhu kuveza ngokusobala ukuthi lapha eNingizimu Afrika isiko lokunikela ngezitho zomzimba alikadlondlobali kakhulu.

Mhlawumbe imbangela eyenza ukuba iningi labantu lingakwazi ukunikela ngezitho zomzimba wukungabi nolwazi olwenele mayelana ne-Organ Donation.

Kunezinkolelo abantu abanazo, njengokuthi abanye bathi abakwazi ukuba bangcwatshwe izitho zabo zomzimba zingasaphelele ngoba izinyanya noma amadlozi ngeke abemukele.

Iningi labantu abalindele ukunikelelwa ngesipho sesitho zomzimba balindele kakhulu izinso. Sikhulu isibalo sabantu abanesifo sezinso nabangakwazi ukuphila ngenxa yalokhu.

Izibhedlela zikahulumeni nazo azinazo izinsiza-kusebenza ezanele ukuhlinzeka imiphakathi enalesi sifo (sezinso). Lokhu kudala ukuba abantu abaningi bangalutholi usizo, badedelwe baye emakhaya baze bashone.

Abantu abalinganiselwa ku-80% abadinga i-Dialysis (ukuhlanzwa kwegazi ngenso ewumshini) abalutholi usizo. Lesi simo sisodwa nje sisho ukuthi kusamele sikhulume ngokunikela ngezitho zomzimba.

Izinhlangano ezahlukahlukene zikhuthaza abantu ukuba babhalisele ukunikela ngezitho zabo zomzimba. Lokhu sikubheka ngokuthi unikezela ngempilo komunye umuntu.

### UMEHLUKO PHAKATHI KWE-ORGAN NE-TISSUE DONATION

Uyazi yini ukuthi umuntu oyedwa onikela ngezitho zomzimba anganikela ngempilo, asindise abantu abayisikhombisa? Ake ngiqale ngokuqwashisa ukuthi kunomehluko phakathi kwe-Organ Donation ne-Tissue Donation.

### ORGAN DONATION:

Ukukhishwa kwesitho somzimba somuntu sifakwe komunye, kwenzeka uma ngabe odokotela sebehlolile bathola ukuthi umuntu usenomqondo ofile (*brain dead*) kodwa ebe esaphefumula ngemishini.



KUNOMEHLUKO phakathi kwe-organ ne-tissue donation.

Lapho kusuke kusenesikhathi sokuba zikhishwe izitho zomzimba bese ziyofakwa kumuntu olindele leso sipho, kafushane nje emuva kokuba sikhishwe konikelayo.

Izitho esikhuluma ngazo yilezi: amaphaphu, inhliziyo, izinso, isibindi kanye namanyikwe (*pancreas*).

Uthi bewazi ukuthi izinso kanye namaphaphu komuntu oyedwa kunganikezela ngempilo kubantu abane?

### TISSUE DONATION:

Lapha izitho zomzimba zisuke zizogcinwa ebhange lezicubu, kuze kube ukuthi ziyadingeka. Lapha singabala igazi, izitho zamehlo, isikhumba somzimba, amathambo njalonjalo.

## ODINGA UKUKWAZI NGOKUBA YI-DONOR

OMUNYE angabuza ukuthi ngabe wenzenjani uma ngabe ufisa ukuba yingxenye yabantu abanikela ngezitho zabo zomzimba. Nakhu-ke odinga ukukwazi nge-Organ Donation

- Wonke umuntu uvumelekile ukuba yingxenye yalolu hlelo, inqobo nje uma ngabe unempilo futhi ungenazo izifo eziyimbelesela, ezingafaka umuntu omupha isitho sakho somzimba egcupheni. Ungakwenza lokhu ngokubhalisa ohlwini lwabantu abanikele ngezitho zomzimba.
- Kunezinhlangano lapho ufonela khona ubazise ngesifiso sakho. Bazobe sebekuthumelela ikhadi elishoyo ukuthi wena usuyingxenye yalolu hlelo.

Leli khadi ungalifaka esikhwameni sakho semali, mhlawumbe futhi bakuthumelele ngamaphepha anamathelayo (*stickers*), ongawafaka epasini lakho noma ezincwadini zakho zokushayela

- Konke lokhu akubizi mali futhi izibhedlela zizothwala zonke izindleko zobudokotela ngesikhathi uhlinzwa ukhishwa izitho ezidingwayo.
- Kubalulekile nokho ukuba ngibakhumbuze abafundi bephephandaba ukuthi uma unikela ngesitho somzimba ayikho imali okhokhelwa yona.

Kusuke ngempela kuyisipho osinikeza omunye umuntu ngoba wena ungasaphilanga (usufe ingqondo).

- Ukuba nezifo ezithile akukuvimbi ukuthi ube yi-Organ Donor.

Vele izicubu zizohlolwa ngaphambi kukuba zinikezelwe komunye umuntu ukuqinisekisa ukuba ziphilile futhi kuphephile ukuzisebenzisa.

- Kumele uqinisekise ukuthi uma uthatha lesi sinqumo sokuba yi-Organ Donor uwazise wonke umndeni wakho ngaphambi kokuba usayinde amaphepha.
- Ungakhetha futhi ukuthi ufuna ukunikela ngasiphi isitho. Akuphoqelekile ukuba unikele ngazo zonke izitho. Kungaba inhliziyo noma izinso, okanye kokubili.
- Uma sewenza isinqumo ngicela ukubeke engqondweni ukuthi isitho esilindelwe kakhulu ngabantu abaningi yizinso.
- Abukho ubudlelwane obakhekayo phakathi konikelayo nowamukelayo. Bagcinwa bengazani futhi imindeni yabo ingazani.
- Bamba nakhu okubalulekile, uma ngabe kade uthathe isinqumo sokuba yi-*donor* ungabuye usiguqule isinqumo sakho ngaphandle kokuba uphikiswe umuntu.

Kulula nje, uzovele ukhiphe umgexo, noma ibhangela noma i-*sticker* okanye ikhadi ku-*wallet* wakho. Ungakhohlwa ukwazisa umndeni wakho ukuthi ususiguqulile isinqumo sakho.

Ngethemba ukuthi emuva kokufunda lesi siqephu sanamhlanje usunolwazi olwenele ukwenza isinqumo esihle. Ukhumbule ukuthi singenza umehluko omkhulu kwabanye abantu ngokubanikelela ngezitho zomzimba.

***Mfundi wephephandaba, ngiphinde ngikukhumbuze ukuthi lapha asiyithathi indawo kadokotela kepha sinikezela ngolwazi bese kuba isinqumo sakho ukuthi ubonane nodokotela noma uthathe izinqumo ezingashintsha impilo yakho neyomndeni wakho.**

**Uma kukhona isinye isihloko ofuna sisidingide ngesonto elizayo ungakhohlwa ukusibhalela. Ngibonge futhi ngemilayezo engiyitholile ivela kubafundi beLANGA. Sonke singenza umehluko ezimpilweni zabanye abantu.**

***UDkt Nhlakanipho Gumede uyi-Chief Executive Officer ePholela Community Health Centre. Ningambhalela nithumele kwi-email address ethi admin@drgumede.com**






UNGANIKA omunye isipho sempilo lapho eyakho seyiphela ngokunikela ngezitho zomzimba.




UCWANINGO olwenziwe yi-Organ Donor Foundation luveza ngokusobala ukuthi abantu abaningi eNingizimu Afrika kabathandi ukunikela ngezitho zomzimba kodwa bathi bona bangazemukela uma benikelelwa.
ISITHOMBE NGABE: HEALTHCARE DAILY ONLINE